

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto elithiwa Invokaviti, ngomhla ka 26. 02. 2012

14/2012

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

1. Iculo 279/141

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu Baba osezulwini, siyabonga umusa wakho; usiphile okukhulu ngeNdodana yakho uJesu Kristu oweza emhlabeni ukusisindisa esikhulula ezonweni, nasemandleni kaSathane nasekufeni wasenzela isikhathi esihle sensindiso, siyacela, usiphe uMoya wakho oNgcwele, asihole, nangalesisikhathi sokuhlushwa nokufa kwakhe okunzima, kuthinte izinhliziyi zamakhohla onke, akhumbule, amukele umusa. Nkosi, sikhanyisela ngeqiniso lezwi lakho eliNgcwele ngaye uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-maHeberu 4:14-16;

Ivangelini ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 4:1-11.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakhohla nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 89/81

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Iphistola** ngohlelo lwesine lilotshiwe

ku 2 kwabaseKorinte 6:1-10, lithi: "Kepha thina esisebenza kanye naye siyanincenga ukuba ningawamukeleli' ize umusa kaNkulunkulu - ngokuba uthi: Ngesikhathi esihle ngikuzwile, nangosuku lwensindiso ngakuhlangulisa; bheka, manje kuyisikhathi esihle kakhulu; bheka, manje kulusuku lwensindiso; - asibekeli-muntu nasinye isikhubekiso nangokukodwa, funa inkonzo yethu isolwe, kepha kukho konke sizibonakalisa njengezikhonzi zikaNkulunkulu ekubekezeleni okukhulu, nasosizini, nasekusweleni, nasekubandezekeni, nasekushayweni, nasekuboshweni, naseziyaluyalwini, nasekukhandlekeni, nasekuqwasheni, nasekuzileni ukudla, nangenhlanzeko, nangokwazi, nangokubekezela, nangobumnene, nangoMoya oNgcwele, nangothando olungazenzisi, nangezwi leqiniso, nangamandla kaNkulunkulu, nangezikhali zokulunga zesokunene nezesokhohlo, ngodumo nangehlazo, ngokuhletshwa nangokutswa, njengabakhohlisi kanti singabeqiniso, njengabangaziwayo kanti saziwa kakhulu, njengabafayo kanti bheka, siyaphila, njengabulawayo kanti asibulawa, njengabadakubileyo kepha siyathokoza njalo, njengabampofu kepha sicebisa abaningi, njengabangelalutho kanti sinakho konke." Amen.

8. **Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, namuhla kulelisonto sesiqala isikhathi senzilo, isikhathi esibusisiweyo, sikhumbula izenzo ezinkulu ezenziwe nguNkulunkulu ngeNdodana yakhe uKristu Jesu, yahlushwa, yafela thina, yanikela ngokuphila kwayo, kube yisihlengo esihlenga ekufeni nasekubhujisweni ngenxa yezono zethu nezezwe lonke. Yathulisa ulaka lukaNkulunkulu uYise. Ngalokhu uJesu wenza ukuba abakhohlo babuyisane noNkulunkulu uBaba osezulwini. UJesu wakwenza ngelakhe igazi alithulula esiphambanweni. UnguMhlengi noMlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nabantu ngisho labo ababona icala labo abalenzile, abasalenza, bavume ngomlomo nangenhliziyi bethi: Zona zakubulala, oh, Nkosi, zakuqeda, wena lapho emuthini. Ngakwakuboshwe mina ngezono zami zonke. Ngishiswe emlilweni. Ukubulawa kwakho nalezizintambo zakho okwami kungifanele. Konke okufanele wena, mzalwane wami, uJesu onothando nomusa wakuguqula kwaba okwenziwe nguye esikhundleni sakho. Ngakho lokhu ungawamukeleli-ze umusa kaNkulunkulu ngezizathu zokuthi:

1. Usuku lwensindiso lumanje.

2. Ungakhubekisi muntu.

3. Uqinisele nasezinhlupekweni.

1. **Usuku lwensindiso lumanje.** Umphostoli uyaqala amazwi entshumayelo ngamazwi athi: "Thina, esisebenza kanye naye." Ubani osebenza kanye naye uNkulunkulu. Ababodwa. UNkulunkulu unabo, usebenza, usebenzisa bona. Thina esibizelwe embusweni kaNkulunkulu, nabo abamemezela usuku nesikhathi sokuhlushwa kukaJesu Kristu. Usuku lwensindiso eyenzekile eGolegotha esiphambanweni. Ngakho ningawamukeleli-ze umusa kaNkulunkulu. Abavangeli bathi: Siyanincenga esikhundleni sikaKristu: Buyisanani noNkulunkulu. Ayazicaza wona ngokwawo aphelele ayezwakala abuyisela ubuhle nobunye phakathi komuntu noNkulunkulu. Kuliqiniso. Singathalalisi. Thina nzalo kaAdamu siyizoni, sivuma, sithi: Singabalahlekile nabalahliweyo ngenxa yezono. Sonke sonile. Sonile. Munye owafela wena nabo bonke uJesu Kristu. Wagcwalisa ngosuku lokufa ngolwesihlanu lokuthula ukubuyisana, kube intethelole kulowo-nalowo okholwayo kuNkulunkulu. Ngaye uJesu nomsebenzi wakhe wangena kanjalo umusa, athi ngawo umphostoli: Ningawamukeleli-ze umusa kaNkulunkulu, ngoba usuku lwensindiso lumanje. UNkulunkulu uyafuna ngempela ukusindisa isintu sonke ngalomusa onguKristu Jesu. Ngokukholwa naye ungaba ngomunye owamukela lomusa futhi. Ngaba omunye owamukelela-ize okuwuthi: Usuku lwensindiso ulubona lufanele abanye. Wena uzenza olungile, uzibekela wena isikhathi. Lumanje kusashunyayelwa kusancenga nina zoni. Phendukani! Bheka manje kuyisikhathi esihle kakhulu. Usuku lwensindiso. Yamenyezelwa ngomkhosi. Namanje. Ningesabi, bhekani, nizalelwe namuhla uMsindisi onguKristu iNkosi. Nguye oyakusindisa abantu ezonweni zabo. Abamukela umusa bayakusindiswa, sebesindisiwe. Abawamukelela ize balahlwe, baphansi kokubhubha nokufa.

Bandla elithandekayo, nina namukela umusa embhaphathizweni, nahlukaniselwa umbuso kaNkulunkulu, nangentethelole nangesidlo seNkosi, lezizipho ziyaveza izithole na? Ngabe impilo nenkambo yakho enkolweni nasemsebenzini wakho unabo yini ubufakazi balomusa? Nawe mshumayeli, mphathiswa wevangeli, omemeza usuku lwensindiso lumanje unabo yini ubufakazi, uyinxusa likaKristu na? UPawulu wafakaza ukuthi ungumuntu esebuyisene noNkulunkulu nokuthi umi kulomusa kaKristu, iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe uyinhlawulo yezono ezami, ezakho, ezezwe lonke; ikwenzile iNdodana kaNkulunkulu; umprofethi uyayifakazela uthi: Kepha yazithwala izifo zethu ... njengewundlu eliyiswa ekhlatshweni nanjengemuva ethule phambi kwabagundi bayo ayiwuvulanga umlomo wayo, uIsaya 53:4-7. Usuku lwensindiso lumanje.

2. **Ungakhubekisi muntu!** Yilelo nalelozwi linobunzima, ngoba likhuluma ngezenzo ezenzekayo. Leli-ke lihlanganisa amakhohla, nabangakhohla. Ingani okuyintando kaNkulunkulu. Isintu sonke sibizelwe ensindisweni nguye ongafuni ukuba kubhubhe namunye. Isikhathi senzilo uJesu usendleleni eya ekufeni kwesiphambano. Ngalokho akafuni ukuba kubhubhe namunye, kodwa basindisiwe. Ukukhubekisa kuyisono esikhulu. Iphistola lithi: Asibekeli-muntu nasinye isikhubekiso, nangokukodwa funa inkonzo yethu isolwe, inkonzo ekaNkulunkulu, njengoba izwi lisho uyena ofanele anikwe udumo, kudunyiswe, yena ungakhubekisi muntu, ngezikhubekiso, ubengokholwayo, ubengakhohla. Ngenxa yezikhubekiso bobabili abasaqhubeki. Ngakho abakuqondile ngisho ukuphenduka, nokukholwa; bahlubuke. Nakho-ke umphumela wesikhubekiso.

Makhohla, bashumayeli bezwi, ake sizibuze ukuthi usho ngani lokhu umphostoli na? Babekhona eKorinte abakhubekisi, nalamazwi wayenqanda lengozi eyisihlamba echitha ibandla. Kunjalo nasesikhathini sethu esiphila kuso. Nasekerikeni likaJesu ingozi enjalo ikhona. Eyizinhlobonhlobo namuhla kuyathuthumelisa okwenzeka emakhohleni. Nokho, bazalwane bami eNkosini, ningapheli amandla. Ivangelini likaKristu lingamandla kaNkulunkulu, kube insindiso kulowo nalowo okholwayo! Zibonakalise uyisikhonzi sikaJesu, isikhonzi simele inkonzo kaNkulunkulu, ibe nobungcwele. Umuntu ukwazi uyini wena? Uyisikhonzi sikaKristu ngokwempela? Kulenkonzu awukhubekisi muntu nangokukodwa! Ungumphathi wezimfihlakalo zikaJesu Kristu. UNkulunkulu asisize sibe ngabathembekile emsebenzini nasenkonzweni kaJesu Kristu esibizelwe kuyo. Umlobi wephistola wayilwela inkonzo kaKristu, ibe nobungcwele, ingasolwa, ingadunyazwa, idilizwe ngenxa yakhe; amazwi ayakhanya alotshwa kuleliphistola, wathwala ngokubekezela izinhlupekho ngenxa yevangeli. Ngamandla kaKristu asimele inkonzo kaJesu ngeqiniso nangokwethembeka.

3. **Uqinisele ezinhlupekweni!** Makhohla, samukela ngesihle umusa esikuwo ngaye uJesu Kristu. Uma sehlelwa yizinhlupekho, asibobekizeleni, singapheli amandla, siqhubeke enkolweni yethu! Namuhla siphila kanzima ezweni lakithi. Akukho ukuthula nokubekezela.

Kugqame usizi lokufa imihla namalanga. Yizo izinhlupheko ezelehlela bonke abakhe ezweni. Phezu kwakho konke, asifunde kuye uPawulu ngamazwi ephistola ukuba singaphelelwa ukukholwa, singalingisi lelizwe elingamazi uNkulunkulu, uMnini mandla onke. Nensindiso ekuJesu Kristu, kodwa bambelela ekukholweni! Ngoba izinhlupheko zalesisikhathi azinakulinganiswa nenkazimulo eyakwambulelwa kithina, Roma 8:18. Umphostoli wathokoza, ngoba konke wakubekela esandleni sikaJesu owambizela ekushumayeleni ivangeli lensindiso. Thina makholwa, asithenjiswa inhlala kahle emhlabeni, ngoba singamakholwa. UJesu wahlushwa wadelelwa, weyiswa ngenxa yevangeli lensindiso yethu, bethi: Wamukela izoni, adle nazo, yena eyenziwe isono. Konke lokhu akudilizanga inkonzo. Bathandwa, thina esamukela umusa, sathandwa kangaka nguJesu. Ake simphelekezele, sihambe naye uJesu kulendlela eqonda eGolegotha. Ngithi sonke silangazelela lomusa. Futhi sethemba wona ngaye uJesu Kristu.

Bathandwa, asisebenzeni kanye noNkulunkulu, sincengele abantu ekukholweni; abangakholwa, abahlubukile, abavilaphayo bonke babizwe, ngoba usuku lwensindiso lumanje, isikhathi somusa simanje. Nkosi, siphe ukuba singawamukeleli-ze umusa wakho. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi yethu, Jesu Kristu, siphe uMoya wakho oNgcwele. Thina sibuthene sibe izikhonzi zakho ngeqiniso, simemezele umbuso wakho kuso isintu sonke, siye sifinyelele ekusindisweni nasekuphileni okuphakade enkazimulweni yakho, Jesu Kristu, Nkosi noMsindisi wethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 98/90

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1994/2006, nguP. Lubede
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.